**DEPUTY MINISTER**
**ENERGY**
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

# SPEECH BY THE DEPUTY MINISTER OF ENERGY, MS BARBARA THOMSON, MP

## SWITCH-ON SINKONKONKO VILLAGE, NONGOMA LOCAL MUNICIPALITY, KWAZULU-NATAL

**14 JUNE 2013**

Nkosi yendawo
Mayor of Zululand District Municipality,
May of Nongoma Local Municipality,
Councillors of Nongoma Local Municipality,
Councillors of Zululand District Municipality,
Municipality Manager of Nongoma Local Municipality,
Representative of Eskom,
Government officials from Zululand District Municipality,
Nongoma Local Municipality and Department of Energy,
The people of Sinkonkonko Village
Good morning to all of you!
Sanibonani!

Asibonge ukuthi nikwazile ukubakhona namuhla ukuzobusisa umcimbi wethu, la sizovula ugesi ngokusemthethweni la endaweni yaseSinkonkonko.

Siyaqonda kamhlophe ukuthi ukunyathela kwethu emangceki akwaNongoma kuwulando kwabanye bethu. Sihambele le ndawo ngobuhle nenjabulo namuhla ngakhoke angizimisele ukuvusa amahleba, nakuba sazi ukuthi umlando awusuleki.

Esikujabulelayo ukuthi la sesifike khona sanyathela umehluka ubakhona. Ngesonto eledlulile ngangise Northern Cape ngihamba noMinister womnyango umama u-Peters, nakhona siyovula ugesi.

Kubalulekile ukuthi abantu bakithi bazi ukuthi ngenkathi sithatha izintambo zombuso siyinhlangano ka-African National Congress ukukhanya okwakukhona kwakungamaphesenti angi-34 kuphela. Namuhla simi kumaphesenti angu-85. Uma unombono owehlukile kuyosho ukuthi unenkinga yokubala, uma kungekona loko sekuyoba okunye esingazi ukuthi siyokubiza ngani.

Ukukhona kugagesi ekakhulukazi ezindaweni ezisemakhaya singakufanisa nentambo yegolide exhumanisa umnotho, ethuthukisa ukuhlala kwabantu nevumela nje isimo sonke sokuphila sibe lula.

Ubumnyama buncisha amathuba kubantu bakithi ukusizakala kwezempilo, imfundo, umnotho njalo-njalo. Ngamafuthi nje ayisoze yababakhona intuthuko ngaphandle kwagesi, nentuthuko ezinzile ayisoze yabakhona.

Lo gesi siwawudinga ukunceda umama wasemakhaya ukuze akwazi ukupheka, ukukhanyisa, ukufudumeza amanzi okuhlamba njalo-njalo. Nezimboni ezikhiqizayo ziyawudinga ugesi, izibhedlela, izikole nokunye okuningi angiqeqi amagula bakwethu.

Mphathi wohlelo.

Kubalulekile ukuthi abantu bazi ukuthi abantu bazi ukuthi uhulumeni wakudala awuzange uzihluphe ukuletha intuthuko ezindaweni ezisemakhaya. Ugesi bebewubuka njenganento enhle kakhulu ukuthi ungaya emakhaya. Babewubona ufanele bona kuphela. “Hawu babenomona lababantu”.

Simatasatasa nje yibo abenza lokho. Ekuhambeni kwethu siphuma singena sihlangana nabantu abakhulile abangakaze bawuthinte ugezi ngezandla zabo. Siyalwa, silwa impi esizogcina siyinqobile, impi yokufakela abantu ugesi. Uhulumeni oholwa u-ANC uyiqonda kahle inhlupheko elethwa ukungabikho kukagesi, yingakho sifike qathatha endaweni yase Sinkonkonko, kwa mnyama ubambile, ukuzoletha ugesi kunina. Le ndawo yakwaZulu-Natal ingezinye esiyibheke ngeso lokhozi uma kuziwa kugezi.

Ngike ngafika la ngihamba nomhlonishwa uDlomo ngathembisa ukushiya amacentana, yiwo ke enze lo mehluko. Ngiyazi kade nalinda kodwa kufuneka nazi ukuthi izinto ezinhle zifika kulabo abakwazi ukulinda. Uma sithembisile siyazama ukusifeza isithembiso. Ukulinda kwenu akubanga yize. Siyavuna namuhla.

Ukufakwa kukagesi kudla imali eningi. Umsebenzi waseSinkonkonko udle imali engango-R18 million, kufanele kuzuze imizi elinganiselwa ku-965. Ngiyanibongela bantu baseSinkonkonko, namuhla kusindwe ngobethole. Sizobonisa nomkhandlu siwumnyango ngalabo abasilele. Yebo, siyavula namuhla kodwa siyaqonda ukuthi kukhona izindlu ezicishe sifike ku-9700 ezingengakabi nalenhlanhla. Sizobambisana no-Eskom nomkhandlu. Kwisabelo zimali sika-2013/2014, umnyango ufake inkece elinganiselwa ku-R38 million ku-Eskom nakumasipala, ukukhanyisa izindlu ezingu2760, kuwona lomasipala.

Sengiphetha ngiyaxhusa ukuthi ugesi niwuphathise kwezikhali zamantungwa. Okhona nosazafakwa, niwonge ugesi ningawumosi yikhona nabanye bayakwazi ukuwuthola. Uma siwumosa sinciphisa amathuba abo.

Ugesi uyakhokhelwa awebiwa. Uma uweba, nowo uyakwazi ukukweba, ngobo uyingozi. Asithinthwa-thinthwa isiqubhu sikagesi. Sisekude ke ukuphumula siwuhulumeni ka-ANC. Siyophumula mhla wonke umuntu wasedolobheni nasemakhaya bathola ukulingana kwezentuthuko. Siyophinda sibuye sizokhanyisa futhi. Ngiyethemba ukuthi onezindlebe uzwile onamehlo ubonile.

Sengihlala phansi kufuneka sikuqonde singabantu ukuthi ubutha nokunga sebenzisane akusoze kwanzenza izimpilo zabantu zibengcono. Isitha sethu indlala, ububha,

ukwentuleka kwemisebenzi, igebe phakathi kwaba mpofu nalabo abadla izambane likapondo, izifo, amahlazo okunyukubezwa kwabantu besifazane, ukuntuleka kwamanzi nogesi.

Nazo ke izitha zethu okumele silwe nazo, uma sihlangene ngempela singenza ngcono. Uma sihlukene kuningi okuhlukanayo, uma sihlangene kuningi okuhlanganayo. Niqaphele yilabo abathi “black man, you are on your own”.

Thank You.